

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo.
- (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo ukuvumela lokho.*





*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

Izolo ebusuku, uDudu ubefunda incwadi ekhuluma ngezilwane.

Uze walala wayesephupha.




Uphupheni uDudu?
Uphuphe enamabhaluni amndizisa waya phezulu esibhakabhakeni.



Ngenkathi endiza uDudu wahlangana nenyoni.

"Sawubona nyoni, ingabe uhlala lapha?" kubuza uDudu.

"Yebo, lesi yisidleke sami," kutshiyoza inyoni.





Waphinda uDudu wahlangana nenkawu.

"Sawubona nkawu, ingabe uhlala lapha yini?" kubuza uDudu.

"Yebo, lesi yisihlahla sami," kuklewula inkawu.



Sanibonani Mnumzane Bhubesi noMnumzane Ngulule, ingabe nihlala lapha yini," kubuza uDudu.

"Yebo sihlala ehlathini," kubhonga ibhubesi. "Yebo, kunjalo," kubhodla ingulule.

"Sawubona ndlovu enkulu, ingabe uhlala lapha na?" kubuza uDudu.

"Yebo, leli likhaya lami," kumemeza indlovu.



"Nami ngihlala lapha," kusho ubhejane ngokuhonqa.


"Nami futhi," kunyenyeza intuthane encane. "Ngihlala esidulini sezintuthane."


intuthane

Wabe esendizela ngasemfuleni uDudu.

"Sawubona nkosikazi Mvubu, ingabe uhlala lapha?" kubuza uDudu.

"Yebo, lona ngumfula wami, futhi ngihlala nofudu," kufutha imvubu.





Sawubona
mnumzane Ngwenya,
ingabe uhlala lapha nawe?”
kubuza uDudu,


“Yebo!” kukhononda ingwenya.
“Futhi uma ungahambi manje,
ngizokwenza isidlo sami
sakusihlwa!”

“Sizani bo!” Sizani bo!”
kukhala
uDudu.



"Angikwazi ukundiza ngibuyele emuva! Izongidla ingwenya!" kukhala uDudu,

"Vuka Dudu. Uyaphupha," kusho umama wakhe. "Sekuyisikhathi sesikole."



UDudu waxoxela umama wakhe ngazo zonke izilwane azibona ephusheni.

"Ezinye zihlala ezihlahleni, ezinye ehlathini kanti ezinye zihlala emanzini." Waxoxela umama wakhe.

"Ephusheni ngindize ngafika kuzona zonke lezi zilwane" kusho uDudu egijimela ibhasi lesikole.

# Umsebebzi wokufunda ngamaqembu



1 Bheka izilwane ezabonwa uDudu.
Yiziphi lezo zilwane?
Zihlala kuphi?





2 Thola igama elifanayo nalelo elisebhokisini lokuqala.

| | | | |
|---|---|---|---|
| nini | kuphi | nini | ini |
| kwase | laphaya | kwase | lokho |
| lapha | nakho | lapha | laphaya |
| akakwazi | uyakwazi | akwazi | akakwazi |
| ubani | ubani | ini | ngobani |
| hlala | thanda | hlala | thanda |
| nakho | isidleke | zonda | nakho |
| ungenzi | wenza | akenzanga | ungenzi |
| beka | yona | beka | akuyona |



3 Thola imisho enongqi • endabeni engenhla nophawu lombuzi ? nabacaphuni " ". Kukopishele encwadini yakho.




4 Yenza umsebenzi olandelayo encwadini yakho.



Dweba isithombe sesilwane esisodwa kokukhulunywa ngazo kule ncwadi.
Bhala imisho emibili ngesilwane.




5 **Yenza iphaphethi lomunwe.**





a. Threyisa ingaphandle lomunwe wephaphethi lesilwane ephepheni bese uwusika.

b. Sebenzisa ikhrayoni lakho ukufaka umbala wephaphethi lakho lomunwe.



INGAPHAMBILI | INGEMUVA






c. Hlanganisa amachopho ngeglu bese ufaka iphaphethi emunweni wakho.



d. Sebenzisa iphaphethi lakho lomunwe ukukhuluma namaphaphethi eminwe omngani wakho.



# IBANGA LOKU-1 ULIMI LWASEKHAYA

Izinga lesi-: 3

## Incwadi yesi- 3

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Iphupho likaDudu |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga loku-1 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga lesi-3 Incwadi yesi-3 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | hlala, yebo, buza, sawubona, ndiza, khala, kusho, inkawu, imvubu, ibhubesi |
| Ulwazimagama: | bhonga, khononda, tshiyoza, memeza, futha, nyenyeza |
| Imisindo: | a, e, i, o, u, b, c, d, f, g, h, j, k, l, m, n, p, q, r, s, t, v, w, x, y, z |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Usebenzisa izithombe ukuthola nokuqamba izilwane.<br>▪ Uchaza indawo lapho kuhlala khona izilwane.<br>▪ Uthola futhi ahlanganise amagama.<br>▪ Ukopisha imisho enongqi, enophawu lombuzo nezimpawu zokukhuluma.<br>▪ Udweba isithombe bese ebhala imisho emibili.<br>▪ Wenza iphaphethi leminwe. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2527-0
9 781431 525270

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2527-0

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga loku-1 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-: 1

- Isele liya esikoleni
- Ngiyakwazi ukufunda
- Sonke siya esikoleni
- Usuku lwemidlalo yezilwane

### Izinga lesi-: 2

- Siyalithanda ibhola lezinyawo
- Ukugqoka
- UPhithiza uthola umngani omusha
- ULeli ilolí

### Izinga lesi-: 3

- Isikhukhukazana esibomvu
- U-Ann uya kudokotela
- Iphupho likaDudu